INKULUMO YOSUKU KASIHLALO WENHLANGANO YABAMMELI BAKAHUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU NATAL YOKWETHULWA NGOKUSEMTHETHWENI KWE HHOVISI LOKULULEKA NGEZOMTHETHO E –UGANDA - 05 MARCH 2011

Mphathi wohlelo
Abaholi bomphakathi abahloniphekileyo
Amakhansela e wadi
Izinhloko zeminyango ka Hulumeni wesifundazwe kanye nezithunywa
Izithunywa ezivela enhlanganweni yabammeli besifazane (SAWLA)
Isigungu esiphezulu senhlangano yabammeli bakaHulumeni besifundazwe sakwa Zulu Natal
Abaluleki bezomthetho abamele iminyango ka Hulumeni Wesifundazwe saKwa Zulu Natal
Abasebenzi beminyango ka Hulumeni kazwelonke wezimpesheni, umnyango weZasekhaya,
Abasebenzi beminyango kaHulumeni wesifundazwe, umnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi, umnyango kaNdunankulu Wesifundazwe kanye ngokukhethekile umnyango Wezokuphepha noku Xhumaniswa komphakathi,
Izicukuthwane kanye nezihambeli zethu ezinohlonze

Mphakathi wase Uganda,

Ngiyanibingelela

Kuyintokozo kimi engechazwe ukuma lapha namhlanje phambi kwalomkhandlu wofakazi, sihlangene ngalolusuku oluyinqgophamlando endaweni yase Uganda. Lolu usuku oluyohlala njalo luwumlando obalulekile uma kukhulunywa ngentuthuko yase Uganda kanye nasemlandweni wenhlangano yethu yabammeli baka Hulumeni kulesifundazwe sakwa Zulu Natal, ngaphansi kobuholi buka Mhlonishwa u Dokotela Z.L Mkhize. Simi lapha namhlanje sinokubonga kanye nokuzithoba ukuthi ekugcineni lolusuku lwanamhlanje luze lwaba yimpumelelo. Singeke sakhohlwa ukuthi namathuba anjengalawa siwanikwa u Nkululunkulu onguMninimandla Wonke nophethe izimpilo zethu

Mangisho Mphathi Hlelo ukuthi kungifanele ngiyichaze inhloso yobukhona bethu lapha namhlanje, okungukuthi simele ukuletha ushintsho nentuthuko ezimpilweni zabantu base Uganda. Siyinhlangano yabammeli nje sinephupho kanye nentshisekelo yokwenza umehluko ezimpilweni zemiphakathi esiphuma kuyo. Kuvamisile emlandweni, ikakhulukazi yemiphakathi ebincishwe amathuba esikhathini esiphambilini ukuthi labo abafundayo baze adlulele emazingeni aphezulu ngokwemfundo, bathi bangathi thuthu bese befuduka ezindaweni abazalelwe bakhula kuzo, bakhohlwe yimumva lalapho bevela khona.

Umphumela walokhu, kuba sekusala igebe lapho abancane abeza ngemumva kungabe kusaba khona abazoba yisibonelo esihle nesizosetshenziswa ukugquqguzela intsha ekhulayo. Bese lokhu kudala izikhalo ezingapheli ngentsha ewuhlupho nengazazi ukuthi ifunani nokuthi iqondeni ngekusasa layo.

Ngenhlanhla lapha phakathi kwethu e-Uganda sino mfowethu owahlala lapha endaweni ingakathuthuki kulokhu isiyikho manje, wabekezela okunamhlanje ungumsebenzi ka Hulumeni ehovisi lika Ndunankulu kanye nelunga elithembekile lenhlangano yethu yabammeli baka

Hulumeni wesifundazwe, ongakhohlwanga yindawo akhulele kuyo. Namhlanje lendawo isayahlomula ngenxa yokuthi uyakuqonda ukubaluleka kokwenza umehluko emiphakathini esiphuma kuyo.

Mphathi Wohlelo, ngifisa ukuthatha lelithuba lokuthi ngizwakalise amazwi okubonga umndeni wakwa Mbili ngomnikelo ongaka eniwenzele umphakathi wase Uganda ngegalelo lika Bheki oyilulunga lomndeni wenu

Umsuka kanye nomlando wenhlangano yethu yabammeli eyaziwa nge KwaZulu Natal Public Sector Lawyers Association, isukela ekuhlanganeni kwabaluleki bezomthetho abasebenza eminyangweni eyehlukene ka Hulumeni wesifundazwe sakwa Zulu Natal, behlangana ngenhloso yokucobelelana ngolwazi, okuthe ngonyaka ka 2008 kwasungulwa isakhiwo esizimele, kwaphasiswa nomthethosisekelo wenhlangano, kwakhethwa nesigungu esiphezulu senhlangano le namhlanje esiyaziwa nge Kwa Zulu Natal Public Sector Lawyers Association. Umthethosisekelo wethu uhambisana nosomqulu wokuziphatha (Code of Ethics). Njengenhlangano sikholelwa kulemigomo elandelayo

- Ukulawula ngokomthetho (Rule of Law)
- Ukulandela imigomo yomthethosisekelo wezwe (Constitutionalism)
- Izinguquko (Transformation)
- Amathuba entuthuko (Empowerment)
- Ubuchwepheshe/amakhono (Expertise)
- Ubungoti (Professionalism) kanye
- Nokusebenza ngendlela esobala (Transparency)

Lenhlangano yabammeli abayizisebenzi zika Hulumeni iqale la Kwa Zulu Natal ayikho inhlangano efanayo nesebenza ngokufana nathi la kwa Zulu Natal.

Njengesigungu esiphezulu salenhlangano kanye namalunga ethu sinohlelo esavumelana ngalo nesisebenzela phezu kwalo ukuze sifinyelele ephuphweni lethu njebammeli balesifundazwe. Loluhlelo luthinta lezinto ezilandelayo

- Ukugqugquzela nokuhlomisa abammeli abasebenza ku Hulumeni wakwa Zulu Natal
- Ukuphucula ukuxhumana phakathi kwezinhlangano zomphakathi ezizimele ezisebenzela ukuvikelwa nokuqhakambisa amalungelo abantu
- Ukuphucula ubudlelwano phakathi kwemnyango kaHulumeni nehovisi lommeli wombuso
- Ukugqugquzela ukuphuculwa kokunikezwa komsebenzi kubammeli ababencishwe amathuba
- Ukufaka isandla ekusizweni kwamalunga omphakathi adinga usizo

Ngakho ke silapha namhlanje ukuzofezekisa lamaphuzu asohleni olungenhla lapho khona sikhuluma ngokusiza imiphakathi edingayo kanye nokuletha ukuxhumana okungcono phakathi kwezinhlaka zikaHulumeni nezinhlangano ezizimele amalungelo omphakathi

Indlela eyaphambili

Sinhlangano yabammeli ezimele yezisebenzi zika Hulumeni, ngokubambisana nani mphkathi wase Uganda, sinesifiso sokuthi sinikezele ngosizo lokululeka ngezomthetho umphakathi walendawo, imininingwane yonke yokuthi lokhu kuzokwenzeka kanjani sizoyethulelwa uzakwethu onikezwe lowomsebenzi wokucaza izinhlelo ezizolandela sesiya phambili

Angikusho lokhu, Mphathi Wohlelo, ngokuzithoba ukuthi lolusizo esiluletha kulendawo namhlanje asilindele nkokhelo ngalo futhi akekho ogunyaziwe ukwamukela inkokhelo eyinzuzo ngalo.

Sengiphetha

Ngivumele Mphathi Wohlelo ukuba ngibonge ngokungahlonizi ozakwethu esibambisene nabo kulomsebenzi obaluleke kangaka wenhlangano yethu ngokuzinikela emsebenzini esibizelwe kuwo njengabammeli abasebenza ku Hulumeni kanye namalunga onke enhlangano yethu ukuqinisekisa ukuthi ubheka phambili. Amalunga esigungu engikhuluma ngawo, eqhulwini u Advocate Bheki Mbili, Ms Tashini Naidoo, Mr Mark Serfontein, Advocate Jacques Wolmarans, Ms Catherine Dalby kanye no Advocate Tumi Tlale .

Ukubonga kwami ngeke kuphelele uma ngingebonge ngokukhethekile inhloko yomnyango wakwa Community Safety and Liason, unkosikazi Yasmin Bacus ngesandla kanye nenhliziyo ephayo ayikhombise ngoxhaso alunikeze inhlangano yethu ukuze lomcimbi uphumelele. Siyabonga Mam'Bacus. Unwele olude kuwe kanye nabo bonke abasebenze ngokuzikhandla njengo Mr Kgomotso Malatji

Ngiphinde ngibonge ngokungazenzisi kubasebenzi beminyango kaHulumeni abasukemele phezulu ukuletha izidingo zomphakathi. Niqhubeke nje nenze njalo

Ngeze babakhona ubulungiswa uma ngingabongi uhlangothi lwethu olufela ngaphakathi noma sesisebenza ubusuku singalali sesibanga ubusuku nezikhova, besibekezela, ngisho phela amakhosikazi ethu kanye nabayeni bozakwethu esinabo kulomsebenzi.

Sengikhulumile, Mphathi Wohlelo

Ngiyabonga